health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Umphumulo Hospital

# Inkanyezi YaseMphumulo NEWS

STAY INFORMED

Jan/June 2020

## MORE THAN 300 PEOPLE REGAINED THEIR EYE-SIGHT

The KwaZulu - Natal Department of Health in partnership with Al-Imdaad Foundation and Al Basar International Foundation had a massive Cataract Camp at Umphumulo Hospital . This camp took place during the week of 24-27 February 2020. Clients with eyesight problems from within Ilembe District ( Maphumulo ,KwaDukuza , Mandeni & Ndwedwe ) came in numbers as they did not want to miss that free opportunity to be removed cataract.

Prior the camp clients were first screened in order to assess their readiness before they went for surgery. It was indeed a very difficult moment for the team as they had to explain to other clients who were so keen to be removed cataract but were not ready by then according to the screening process due to other minor health problems.



Eye Surgeons and Medical Technicians operating clients



INDUCTION & ORIENTATION...
*READ MORE ON PAGE 03*



HEALTH SCREENING...
*READ MORE ON PAGE 06*



NQO-NQO-NQO SIKHULEKILE...
*READ MORE ON PAGE 04*

# CHIEF EXECUTIVE OFFICER'S COMMENTS



DR. M. J. ZULU - CEO & MEDICAL MANAGER

Ngenkathi kuqala unyaka ka 2020 iningi lethu belinezifiso noma amaphupho amahle. Imvamisa wonke umuntu uba nomgomo azibekele wona wokuthi uma kuphela unyaka abe esefezekise konke asuke ekufisa. Kanjalo nathi lana eMphumulo esibhedlela sibe namaphupho ebesihlele ukuwaphumelelisa. Kepha konke lokho kushintshile ngesikhathi sibona zinyuka ngesivinini esiphezulu izibalo zabatholakala benegciwane le corona. Yize kunjalo thina njengabasebenzi beZempilo asizange sime ukusebenza njengoba sithathwa njengabasebenzi abenza imisebenzi ebalulekile emphakathini.

Ngifisa ukuthatha lelithuba ngibonge bonke abasebenzi basesibhedlela eMphumulo kanye nakuyona yonke imitholampilo yethu. Nikhombise ukuba amaqhawe namaqhawekazi nayibamba ishisa. Anizange nakhala yize bekukhona ukwethuka nokwesaba , nibambelele ezifungweni zenu enazenza zokunakekela ababuthaka. Kanjalo nalabo abenza eminye imisebenzi engaqondene nqo nokwelapha isiguli nikhombise isibindi nivuka nishiya imindeni yenu ihlezi emakhaya , ningazi uma nibuyela kubona noma nizobabuyela negciwane le -Corona Virus. Anizange nakhazala noma umthamo womsebenzi wanda emva kokuba kuvalwe okwesikhashana e - GJGM Hospital kanjalo neziguli zaseNtunjambili Hospital ezilaliswayo zilethwa lapha esibhedlela sethu kanye naseMontebello. Ngiyabonga kakhulu ngeqhaza enilibambile nisebenze ngokuzimisela akwangabakhona zigameko ezibikiwe. Ngiyabonga kubona bonke abasebenzi abazithole sebesuswa ezindaweni abasebenzela kuzona nsukuzonke basetshenziswa ukunakekela labo abanezimpawu zegciwane le Covid19. Nisebenza kunzima singenazo izakhiwo ( infrastructure ) kanye nezinsiza ( equipment ) ezanele . Kuthe noma sekukhona abasebenzi abatholakala sebehaqekile igciwane kwavuleka isikhala esikhulu kwagcina kukhona izindawo ezingenabo nhlobo abasebenzi , nakhona lapho asizange sivalwe isibhedlela kepha ngokuzinikela kwenu nikwazile ukuvala lapho kushoda khona waqhubeka umsebenzi wokuhlenga ababuthakathaka. Siyabonga nokuthi cishe bonke laba ebebegula sebeluleme ngokugcwele. Ngithanda ukudlulisa okukhulu ukudabuka mayelana nokudlula emhlabeni kwabanye abasebenzi ngenxa yegciwane le covid 19. Ngifisa sengathi uSomandla angasingatha imindeni yabo aphinde abaphe amandla okwamukela baphinde bakwazi ukubhekana nalesi simo.

Ngifisa ukuqinisa bonke abasebenzi idolo ukuthi lesivunguvungu esibhekene naso sizodlula asihlale emthandazweni zikhathi zonke singasuki kuThixo, siphinde siqhubeke ngokusebenza ngokuzimisela sihlezi siwumndeni munye waseMphumulo .



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# CATARACT CAMP CONTINUES..... ( FROM PAGE 01 )

Clients were encouraged not to lose hope as they were given assurance that they were going to be attended by the Ophthalmologists at General Justice Gizenga Mpanza Hospital once they were ready.

More than 300 clients had an opportunity to be removed cataract. Mr. Abed Karrim from Al Imdaad Foundation expressed that it was their vision to assist people from underprivileged communities and those who are unable to access other healthcare services.



**Hospital board Chairperson Mr. N. Sibiya welcoming Surgeons from Pakistan**



**Screening of clients before they went for eye operation**




**Dr. V. Mthunzi introducing the Hospital CEO– Dr. M.J. Zulu**



**Happy clients after successful cataract removal**

# INDUCTION & ORIENTATION PROGRAMME

Each and every year Human Resources Department conduct Induction and Orientation Programme for all newly appointed employees and those who are employed as transfers from other institutions.

The main purpose of this programme is to welcome new employees in the facility and also to assist them to adapt in the workplace. The induction took place on the 29 and 30 January 2020 respectively.



**Dr. T. Zintonga welcoming all newly appointed employees during induction & orientation**

Mr. Nagaya ( Labour Relations Officer ) who was facilitating the programme said it was very important for the new employees to listen attentively to all the speakers so as to gain an insight about the functionality of the hospital and emphasized that each and every department is crucial whether clinical or non-clinical . He also said that each employee should familiarise themselves with the code of conduct.



**Miss T. Ngubane ( PRO ) during her presentation**

Employees were welcomed by Dr. T. Zintonga ( Clinical Manager ) who gave a brief background about the history of the hospital , vision , mission and core values. Thereafter all Senior Management Team Members and Programme Managers did their presentations giving employees an idea of what to expect from each and every component.

Miss T. Ngubane facility's Public Relations Officer also conducted presentation based on the Batho Pele Principles , Patient's Rights Charter and Complaints Management.

After each and every session participants were given an opportunity to ask questions. It was indeed a very informative and fruitful session.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# “NQO—NQO—NQO SIKHULEKILE EKHAYA”

Mhla ziyishumi kuNhlolanja ( 10 February 2020 ) uMphathi Wesibhedlela u-Dr. M.J. Zulu , ithimba labaphathi besibedlela , abasebenzi kanye noNompilo ( Community Healthcare Workers ) bahambele emphakathini ukuyonikezela ngosizo lwezwempilo ngaphansi kohlelo luka “Nqo-nqo-nqo sikhulekile ekhaya.”




**Umphathi Wesibhedlela u Dr. M.J. Zulu , abasebenzi Kanye noNompilo behambele emphakathini**

Ngaphambi kokuba baqale emindenini ebihlonzwe ngoNompilo , bavakashele isikhungo semfundo ephakeme i– Maphumulo TVET College. Bafike bachazela abafundi ukuthi umnyango wezempilo uvule izandla zawo ukubasiza uma bedinga usizo mayelana nezempilo. Phakathi kwezihloko abafundiswe ngazo kubalwa ukuqwashisa ngesifo sesandulela ngculazi ( HIV ) , isifo sofuba ( TB ) ukuhlelwa komndeni kanye nokusebenzisa ijazi lomkhwenyana uma uya ocansini kanye nokubaluleka kokusoka kwabesilisa.

Kuphinde kwahlolwa abafundi ababezinikele , bahlolelwe umfutho wegazi ophezulu ,ukuhlolela isifo sikashukela , igciwane lesandulela ngculazi , isifo sofuba kanye nokuhlela umndeni. Abesilisa abebenesifiso sokuyosoka babhalise amagama abo ukuze balungiselwe usuku ebebezoya ngalo ukosokwa esibhedlela eMphumulo.

Emva kwalokho ithimba lasesibhedlela libe selinikela emindenini emine ebihlonziwe kanye nebingahlonziwe ukwenzela ukuthi kungabi nokwesaba ikakhulukazi kulabo abebehlonziwe. Nakhona kulemindeni bebehlolela izifo ezifana nesikashukela , umfutho wegazi ophezulu , ukuhlolela igciwane lengculazi kanye nokuhlolela isifo sofuba. Yize noma bezikhona izingqinamba kweminye imindeni ngenxa yalaba abebengafuni ukuhlolwa kepha iningi liye labambisana nabasebenzi bezempilo. Kweminye imindeni kutholakale ukuthi akukhona kuphela ukuthi badinga usizo lwezempilo kepha kubuye kwabonakala ukuthi kudingeka ukungenelela kweminye iminyango kahulumeni ofana nowezeNhlakahle. Kuphinde kwakhona abenzelwa izincwadi zokuyobonwa esibhedlela njengoba komunye umndeni kutholakale obenenkinga yamehlo.

U-Dr. Zulu ubonge ithimba abaebehambe nalo kanye noNompilo ngokwenza umsebenzi omkhulu nongelula njengoba nabo babuye bazithole sebengaphansi kwengcindezi ngenxa yezimo ezingezinhle abazifica kwamanye amakhaya , kepha uthembisile ukuthi kuzobakhona ukwelulekwa abazokuthola.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# BLOOD DRIVE CAMPAIGN





On the 15 January 2020 , South African National Blood Services ( SANBS ) visited Umphumulo Hospital for a Blood Drive Campaign . SANBS visits the institution every after 2 months since there are regular Blood Donors in the hospital and they also attract more people to donate blood due to the huge shortage of blood in the country.

The Blood Drive Co-ordinator Mr. Neelashan Govender expressed his gratitude of appreciation to all Umphumulo Hospital staff who have shown so much dedication and passion to save lives. He said he wish this kind of relationship could continue so that many lives of South Africans could be saved , further said every time you donate you can save up to three or four people.

**BENEFITS OF DONATING BLOOD**

1. Any potential “red flags” will be discovered. Before every blood donation, you’ll get your iron (hemoglobin) level checked and your blood pressure and pulse rate taken. This will be of great benefit to you.
2. Reduced risk of heart disease and cholesterol.
3. Burns calories.
4. Feeling the joy of saving a human life.






FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# HEALTH SCREENING FOR STAFF



**Miss Mpungose enquiring about her benefits**



**Miss Simelane being screened by a PN from GEMS**

Government Employees Medical Scheme ( Gems ) officials visited Umphumulo Hospital on the 4th March 2020 . Every year Gems makes it a priority to visit staff in order to make sure that their members are well taken care of and saving them time to visit Gems branches should they have any queries.

On this day there was also health screening and body massages for all members. They were encouraged to eat healthy food , exercise and also to do regular check-ups so as to maintain a healthy lifestyle.

Members also had a chance to verify benefit's available to them. Those who wanted to join Gems were also afforded an opportunity to do so. Should you wish to contact Gems please use the contact details below :

**General Enquiries**

| Call Centre : | Fax number : | Email : | Emergency number : |
|---|---|---|---|
| 0860 00 4367 | 0861 004367 | enquiries@gems.gov.za | 0800 44 4367 |

**Postal Address : Private Bag X 872 Cape Town 8000**

**Call Centre Hours :**

**Monday to Friday**
**09h00 - 16h00**



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# ONEMINYAKA ENGAMA—122 ESADLA ANHLAMVANA



**Kwabamile : Sr. Ngema , Matron Ndlovu , Mrs Msimang ( umalokazana wakagogo Msimang ) Sir Xulu kanye no Dr. Ncayeyane. Phambili : Ugogo Msimang**

Mhla zingu 21 kuNhlolanja ( February ) 2020 sibe nenhlanhla yokuvakashelwa ugogo uFunekile Msimang wasendaweni yase Ndukende. Ugogo uneminyaka eyikhulu namashumi amabili nambili ( 122) esadla anhlamvana. Wazalwa mhlaka 04 June 1898.

Ubefike esibhedlela ezobona udokotela ngoba ebezizwa enomkhuhlanyana.Uthena kuyisibusiso esivela kuNkunkulu ukuthi usamgcine iminyaka emingaka. Uthena kuyivelakancane ukuthola abantu abaneminyaka ecela kweyakhe njengoba abanye sebadlula kudala emhlabeni.
Intombe'ndala ithena isazenzela yonke into kangangoba usaya ngisho emasimi ni ayolima.
Ebuzwa ukuthi ngabe zikhona yini ezinye izinkinga anazo mayelana nesimo sempilo ngaphandle komkhuhlane obumphethe , uthena akanazo ezinye izigulo kangangokuthi akathathi ngisho namaphilisi afana nakashukela nawomfutho ophezulu wegazi ( BP ). Uthena usazidlela yonke inhlobo yokudla

Ugogo Msimang unabantwana abathathu abaphilayo kwabane kanye nabazukulu abayisishiyagalolunye.
Abasebenzi baseMphumulo babongele ugogo Msimang ngeminyaka yakhe baphinde bamfisela impilo ende nenhle.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# UMKHANKASO WOKULWISANA NOKUHLUKUNYEZWA KWABESIFAZANE NABANTWANA



Iziguli ebezize eMtholampilo zilalele inkulumo ngo –Nksz. Mthembu

Izwe lethu iNingizimu Africa ibhekene nengwadla enkulu , lapho sibona zinyuka ngesivininini izibalo zokuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nezingane. Ucwaningo lukhomba ukuthi ihora ngehora oyedwa kwabayisihlanu ngosuku uthola ukuhlukumezeka okungaba ukudlwengulwa noma ukushawa.

Uhulumeni kanye nezinye izihlaka ezikhona emiphakathini zibamba imikhakhanso ukuzwakalisa ukukhathazeka kwabo ngokwenyuka kwezibalo zabesifazane kanye nabantwan abahlukunyezwayo. Kulemikhankaso kuphinde kukhuthazwe izisulu ukuba zibike uma zithola ukuhlukumezeka.

Isibhedlela Umphumulo naso asisalanga ngaphandle ekulwisaneni nalesi sihlava njengoba uSonhlalakahle Unksz. Samke Mthembu ebekhuluma neziguli ebezizobonwa esibhedlela mhla zingama –22 kuNhlangulana ( June ) 2020. Ukhuthaze abantu besifazane ukuba babike uma bethola ukuhlukumezeka . Uthena uyafisa ukuba bonke abantu abazithola behlukumezeka ukuba babike emaphoyiseni bengafeli ngaphakathi.



Amaphoyisa asesiteshini saKwaMaphumulo kanye no Mnu. Skhumbuzo Mthembu oqhamuka ka FAMSA.

"Iningi labesifazane livikela abenzi bobubi ngenxa yokusabela ukuthi ngeke bakwazi ukuqhubeka nempilo ngaphandle kwabo njengoba abanye babo basuke bengasebenzi bethembel kubona laba abesilisa ababahlukumezayo. Uphinde wakudalula nokuthi abanye abazali baze bafihle ngisho abantwana bethola ukuhlukumezeka ngokocansi abantu abasondelene nabo , nabantwana banamalungelo okungamele agxotshwe ngezinyawo " , kusho Unksz. Mthembu .



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# VISIT BY KWAZULU-NATAL LEGISLATURE




Members of KZN Legislature , District Team , HB Member & Hospital CEO

On the 24th June 2020 the KwaZulu Natal Legislature visited Umphumulo Hospital as part of the Hospital Functionality Programme and also to assess the readiness of the facility in terms of Covid 19.

The Team Leader Mr. J. Sibiya said the purpose of the visit was to engage with Senior Management Team and also to look at the challenges faced by the institution during Covid19 pandemic. He further said that though there was nothing much which could be done on the day but it was to give support to the facility and escalate the challenges to the Higher Authorities. He also highlighted that on the legislature's previous visit at Mbhekaphansi Clinic there were gaps which management had to attend to and he commended Management for taking action as most of the things were in place.




Umphumulo Hospital Senior Management Team & Organized Labour

Dr. Zulu then gave a brief report about the status of the facility in terms of Covid 19 , he outlined the challenges faced by the institution , he added that though there were challenges such as limited infrastructure and equipment , but staff members had given their outmost best to deliver expected healthcare services to the patients. Dr. Zulu reported that hospital management used to visit all departments within the hospital to ease the anxiety from staff and give them support wherever they could.

Mr. Sibiya thanked Dr. Zulu for a detailed report and gave a chance to other team members to ask questions for clarity .

